



Edition 4  
isiZulu, English

## Starting a reading club

**So you're inspired to start a reading club? There's no single correct way of doing this. You need to do what is easiest for you because that way you are more likely to be able to keep the club going and growing! Here are some ideas to guide you.**

**Who?** Reading clubs are best run by people who love stories and books and want to help children grow to love stories and reading. You don't have to know a lot about stories yourself – you'll learn about the wonderful world of children's stories by getting involved in a club. Most reading clubs are run by volunteers, so you don't get paid money. Your payment is in the fun you have and the satisfaction that you are making a difference!

**How many?** Decide how many volunteers you can find to help you organise activities at your reading club. Use this to help you decide how many children you can accommodate: five children per adult usually works well. The fewer children you have, the more attention you can give each of them. It's a good idea to start small – even five children with an adult is a reading club. Then you can grow your club over time, if you want to.

**Where?** A reading club can happen anywhere that is quiet and safe – at school, after-care, a library, a community hall or clinic. Start one in someone's house or garage, at Sunday School or your mosque or temple – wherever is easiest for you!

**When?** A reading club can meet anytime that is convenient. It can last for half an hour, or two hours.

It's up to you! Most reading clubs take place once a week. You could meet more, but it shouldn't be less!

**What?** Reading clubs need an open space to meet in. Something to drink and eat is always good, if possible. And cushions and carpets are more comfortable than desks and chairs. But reading can also happen under a tree, lying on the grass, or anywhere else that feels right. Mostly, you need good reading material to keep everyone interested – picture books; novels; information books; poetry; rhymes and songs; newspapers and magazines.

**To register your reading club with the Nalibali network for great benefits, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)**

[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Josh

**Stop!**

**If you aren't going to use this supplement, please give it to someone who will! Deliver it to a school, community centre, library or someone you know.**

## Ukuqala ithimba lokufunda

**Ngabe uzizwa unogqozi lokuqala ithimba lokufunda? Ayikho indlela eyodwa okungathiwa ngefanele yokwenza lokhu. Kumele wenze lokho okulula kuwena ngoba maningi amathuba okuthi uzokwazi ukuqhuba kanye nokwandisa ithimba lokufunda! Nansi eminye imiqondo engaba umkhombandlela wakho.**

**Ubani?** Kungcono kakhulu uma amathimba okufunda eqhutshwa abantu abathanda ukufunda izindaba kanye nezincwadi futhi nabantu abafuna ukusiza izingane ukuthi zibe nothando lwezindaba kanye nokufunda. Akudingeki ukuthi uze wazi okuningi ngezindaba ezifundwayo – uzofunda ngomhlaba omuhle wezindaba zezingane ngokubamba iqhaza kwakho ethimbeni. Amathimba okufunda amaningi aqhutshwa ngamavolontiya, ngakho awuholi. Iholo lakho lingubumnandi obutholayo kanye nokweneliseka ngokuthi wenza umehluko othile!

**Abantu Abangaki?** Nquma ukuthi ungathola amavolontiya amangaki azokusiza ukuthi uhlelele imisebenzi yethimba lakho lokufunda. Sebenzisa lokhu ukuze unqume ukuthi ungakwazi ukuthatha izingane ezingaki: ngokujwayelekile kuye kusebenze kahle ukuba kube nezingane ezinhlanu kumuntu omdala ngamunye. Uma zibalwa izingane onazo uzokwazi ukunaka ingane ngayinye. Kungumqondo omuhle ukuthi uqale kancane - abantwana abahlanu nomuntu omdala oyedwa nabo bayithimba lokufunda. Ungabe

sewandisa ithimba lakho ekuhambeni kwesikhathi uma ufuna ukwenza kanjalo!

**Kuphi?** Ithimba lokufunda lingaba noma yikuphi lapho kunendawo ethule futhi ephaphile khona - esikoleni, endaweni yokucina izingane ngemuva kokuphuma kwesikole, kumtapowolwazi, ehholo lomphakathi noma emtholampilo. Qalani endlini noma egaraji lomuntu othile, kuSontosikole, endlini yokusontela amaSulumane noma ethempelini - noma ikuphi lapho kuzoba lula khona kuwena!

**Nini?** Ithimba lokufunda lingahlanguka noma yingasiphi isikhathi esikahle. Lingathatha isigamu sehora noma amahora amabili. Kukuwena! Amathimba okufunda amaningi ahlanguka kanye ngesonto. Ningahlanguka kaningana kodwa akumele kube ngaphansi kwalokhu!

**Ini?** Amathimba okufunda adinga indawo evulekile azohlanguka kuyona. Kuba kuhle ukuthi kube khona nento ephuzwayo nedliwayo uma kungenzeka. Futhi amakhushini kanye nokhaphethi benza kuhlaleke kahle uma kuqhathaniswa namadeski nezihlalo. Kodwa kungafundwa futhi ngaphansi kwesihlahla, kulelwe otshanini nanoma ikuphi nje lapho kukahle khona. Okubaluleke kakhulu ukuthi udinga izincwadi zokufunda ezikahle ukuze ugcine wonke umuntu enogqozi – izincwadi ezinezithombe; amanoveli; izincwadi ezinika ulwazi; izinkondlo; imilozelo kanye namaculo; amaphephandaba kanye namaphephabhuku.

**Ukuze ubhalise ithimba lakho lokufunda ohlelweni lwakwaNalibali ukuze nihlomule kakhulu, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)**

**Yima!**

**Uma ungeke uyisebenzise le ncwajana sicela uyinikeze omunye umuntu ozoyisebenzisa. Yihambise esikoleni, esikhungweni somphakathi, umtapowolwazi noma umuntu omaziyo.**

**Win!**

Turn to page 7 to find out how to win a mini-library worth R25 000!

**Wina!**

Yiya ekhasini lika-7 ukuthola ukuthi ningaziwinela kanjani ilayibrari encane yenani lika-R25 000!

Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and enter our competition to win a copy of the book, *Knowing you, knowing me*.


Ngena ekhelini elithi: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ebese ungenela umncintiswano ukuwina ikhophi yebhuku elisihloko sithi: *Knowing you, knowing me*.

Connect with your child  
Xhumana nengane yakho



It starts with a story...





Katherine Muick. © ST



Bella

## Story stars

Every second week in Beacon Bay, East London, the Sinempumelo Reading Club meets. This club was started in April 2011 so it's just over a year old now! Khanyisile Ngalo, who has been involved from the beginning, talks about the club and reflects on what it has meant to him.

### What is your role at the reading club?

I do all the organising like making sure everyone knows when we will be meeting, arranging transport for the volunteers and communicating with the school where we meet. I've always been involved in facilitating some activities at the club and I still do that.

### Why do you do it?

Being involved in this reading club is one of the most fulfilling things in my life. It is such a joyful experience to read to someone – it moves me to see the words jump off the pages of a book! But also, it is one way of addressing the crisis in education in our country.

### What have you learnt from being involved in the reading club?

I have come to learn that stories are a powerful way of providing people with a mirror to look at the world. I have experienced the ways in which stories connect us all.

### What is the biggest challenge when it comes to running a reading club?

When we have too many children at a session! If there are too many children, it's frustrating because you don't get enough time to interact personally with each child, which is very important.

### What languages do you use at your reading club?

isiXhosa and English. One Saturday we use mainly isiXhosa and then the next time we meet we use mainly English.

### If your reading club could send one message to South Africa about reading for enjoyment, what would it be?

Reading will open your mind and open doors for you in the future. It will also give you a better understanding of different cultures and a greater insight into human nature. But the main reason you should read, is simply because it is fun!

To read more from Khanyisile Ngalo go to the Story Stars section on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). If you know of a reading club, parent, caregiver or organisation working hard to root reading and writing into children's daily lives, tell us about them at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and we could feature them here!

## "It's in your hands!"

The world celebrates Mandela Day on 18 July each year. On this day you are asked to give 67 minutes of your time to make the world a better place. In 2012, why not do this by telling or reading stories at a nearby library, school or community centre? Or choose 67 stories to read or tell children before Mandela Day in 2013. You can make a difference in a child's life today... It starts with a story!

## "Kusezandleni zakho!"

Umhlaba ugubha Usuku lukaMandela mhla ziye-18 kuJulayi minyaka yonke. Ngalolu suku ucelwa ukuba unikele ngemizuzu engama-67 esikhathini sakho ukuze wenze umhlaba ube yindawo engcono. Kungani ungenzi lokhu ngo-2012 ngokuxoxa noma ngokufunda izincwadi uma ungakwazi ukwenza lokhu, khetha izindaba ezingama-67 ozozifundela noma uzixoxele izingane ngaphambi kokufika koSuku lukaMandela lwango-2013. Ungakwazi ukwenza umehluko empilweni yengane namhlanje... Lokhu kuqala ngendaba!



The Sinempumelo Reading Club

## Abavelele ezindabeni

ISinempumelo Reading Club ihlangana njalo ngemuva kwamasono amabili eBeacon Bay e-East London. Leli thimba laqala ngo-Ephreli 2011, lokhu kuchaza ukuthi linesikhathi esingaphezudlwana konyaka manje likhona! UKhanyisile Ngalo owayekhona kusukela ekuqaleni kwalo ukhuluma ngethimba bese echaza nangokuthi lisho ukuthini kuyena.

### Yiliphi iqhaza olibambile kuleli thimba lokufunda?

Ngenza konke okuphathelele nokuhlelela ithimba okufana nokuqinisekisa ukuthi wonke umuntu uyazi ukuthi

sizohlangana nini, ukuhlela izinto zokuhamba zamavolontiya kanye nokuxhumana nesikole esihlanganela kusona. Bengilokhu ngibambe iqhaza ekuhleleleni okuthile okwenziwa yiithimba, namanje ngisakwenza futhi lokho.

### Yini wenze lokhu?

Ukubamba iqhaza kuleli thimba lokufunda kungenye yezinto ezingiculisa kakhulu empilweni yami. Kuyinto ethokozisa kakhulu ukufundela omunye umuntu – kuyangithinta kakhulu ukubona amagama "ephuma" emakhasini encwadi! Kanti futhi kungenye yezindlela zokulungisa inkinga enkulu ebhekene nezemfundo ezweni lakithi.

### Yini oyifunde ekubambeni kwakho iqhaza ethimbeni lokufunda?

Sengifunde ukuthi izindaba ziyindlela enamandla kakhulu yokuhlazeka abantu ngesibuko sokubheka umhlaba. Sengibone nendlela izindaba ezisixhumanisa ngayo sonke.

### Iyiphi inselele enkulu ekuqhubeni ithimba lokufunda?

Kulapho sinezingane eziningi kakhulu emhlanganweni ohleliwe ngamunye! Uma kunezingane eziningi kakhulu kuyakhathaza ngoba awusitholi isikhathi sokuxhumana nengane ngayinye, okuyinto ebaluleke kakhulu.

### Nisebenzisa ziphi izilimi ethimbeni lenu lokufunda?

isiXhosa nesiNgisi. Ngomunye uMgqibelo sisebenzisa isiXhosa kakhulu bese sisebenzisa isiNgisi kakhulu ngesikhathi esilandelayo.

### Uma ithimba lenu lokufunda belingathumela umlayezo owodwa eNingizimu Afrika mayelana nokufundela ukuzithokozisa, ubungathini?

Ukufunda kuzovula umqondo wakho bese kukuvulela neminyango esikhathini esizayo. Kuzokwenza futhi ukuthi uqonde kangcono ngamasiko ahlukeneyo kanye nokuqonda kabanzi mayelana nabantu. Kodwa isizathu esisemqoka sokuthi kumele ufunde esokuthi kumnandi nje!

Ukuze ufunde kabanzi ngoKhanyisile Ngalo iya esigabeni sama-Story Stars ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Uma wazi ngethimba lokufunda, umzali, onakekela izingane noma inhlango esebenza kanzima ukuze igxilise ukufunda nokubhala ezimpilweni zansuku zonke zezingane, sitshela ngabo ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) kanti kungenzeka sibhale ngabo lapha!

### Create your own mini-book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

### Zenzele ibhukwana lakho

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulolu shicilelo.
2. Lisonge libe nguhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



## Get story active!

All children get sick sometimes and many young children have to deal with being chronically or terminally ill. *The Little Hare* helps sick children understand that they are not alone and that someone will help ease their discomfort and fear. It reminds them that there are people who love and value them. The book also helps develop empathy for children who have chronic illnesses. After you and your children have read *The Little Hare*, try out some of these ideas.

### If you have 10 minutes...

- ★ Look at the pictures again with your children. Talk about what the little hare does in each of the pictures and how he feels.
- ★ Talk about what makes your children feel better when they are scared or not feeling well. Also share the things that help you to feel better.

### If you have 30 minutes...

- ★ Ask your children to remember a time when they were unwell and to write a story about this, or to draw a picture and write about it.
- ★ Look at the activities that make the hare feel better. Choose one of these to do with your children – draw pictures together, play one of their favourite games with them or sing some of their favourite songs together.

### If you have one hour...

- ★ Let your children use paper plates or other cardboard to create masks with a different expression on each side – for example, a happy face and a sad face. They can use the masks to retell or act out this story, or to act out their own stories. They could also display them on the fridge or a bedroom door to show how they feel during the course of a day.
- ★ Create hare ears with your children. Draw the shape of the ears on thin cardboard (like the kind used for cereal boxes) and then let your children cut them out and colour or paint them. Use an Alice band or hair grips to attach them to your child's head.



Here are two other stories that help children to deal with illness and death: *Remembering Mommy* (New Africa Books) which is available in all South African languages and *The Dead Bird* by Margaret Wise Brown (Harper Collins).

Nazi ezinye izindaba futhi ezisiza izingane ukuthi zibhekane nokugula kanye nokushona: U-*Remembering Mommy* (eshicilelwe yi-New Africa Books) etholakala ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika kanye ne-*The Dead Bird* ebhalwe nguMargaret Wise Brown (eshicilelwe yi-Harper Collins).

### Say this rhyme together and make up the actions to go with the words!

A little brown rabbit popped out of the ground,  
Wiggled his whiskers and looked around.  
Another little rabbit who lived in the grass  
Popped his head out and watched him pass.  
Then both the little rabbits went hoppity hop,  
Hoppity, hoppity, hoppity, hop,  
'Til they came to a wall and had to stop.  
Then both the little rabbits turned themselves around,  
And ran off home to their holes in the ground.

## Yenza indaba iphile!

Izingane zonke zike zigule, futhi izingane ezincane eziningi kumele zibhekane nokuphathwa izifo ezingalapheki noma ukugulela ukufa. *Unogwaja Omncane* usiza ukuthi izingane ezigulayo ziqonde ukuthi azizodwa, nokuthi ukhona umuntu ozosiza ukwehlisa ukungazizwa kahle kanye nokwesaba kwazo. Uzikhumbuza ukuthi bakhona abantu abazithandayo neziyigugu kubona. Incwadi isiza futhi nangokugugquzela ukuzwelana nezingane eziphethwe izifo ezingalapheki. Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Unogwaja Omncane*, zamani eminye yale miqondo.

### Uma ninemizuzu eyi-10...

- ★ Bhokani izithombe nezingane zakho futhi. Khulumani ngalokho okwenziwa unogwaja omncane esithombeni ngasinye kanye nokuthi uzizwa kanjani.
- ★ Khulumani ngokuthi yini eyenza ukuthi izingane zakho zizizwe zingcono uma zesaba noma zingazizwa kahle. Yabelanani futhi nangezinto ezinisiza ukuthi nizizwe ningcono.

### Uma ninemizuzu engama-30...

- ★ Cela izingane zakho ukuthi zikhumbule isikhathi lapho zazingaphilile khona bese zibhala indaba ngalokhu, noma zidwebe isithombe bese zibhala ngaso.
- ★ Bhokani izinto ezenza ukuthi unogwaja uzizwe ungcono. Khethani okukodwa kulokhu enizokwenza nezingane zakho – ukudweba izithombe ndawonye, dlalani omunye wemidlalo yenu eniyithanda kakhulu kanye nazo izingane noma nicule elinye lamaculo azo ayizintandokazi.

### Uma unehora...

- ★ Vumela izingane zakho ukuthi zisebenzise amapleti ephepha noma amanye amakhalibhothi okwenza izivuvu (amamaski) akhombisa ubuso obuhlukahlukene ohlangothini ngalunye – isibonelo, ubuso obujabulile kanye nobuso obudangele. Bangasebenzisa izivuvu ukuze baphinde baxoxe noma balingise indaba, noma ukuze balingise izindaba zabo. Bangazibeka futhi nasefrijini noma esicabheni segumbi lokulala ukuze bakhombise ukuthi bazizwa kanjani emini.
- ★ Yakhani amadlebe kanogwaja kanye nezingane zakho. Dwebani ukuma kwamadlebe ekhalibhothini eliwucwephe (njengohlobo olusetshenziswa kumabhokisi amasiriyeli) bese uvumela izingane zakho ukuthi ziwasike bese ziwahllobisa ngombala noma ziwapende. Sebenzisani ama-*alice band* noma okokubamba izinwele ukuze niwafake emakhanda ezingane zakho.

### Yishoni lo mlolozelo ndawonye bese nenza iminyakazo ehambisana namagama!

Unogwaja omncane onsundu waphuma emgodini,  
Wanyakazisa izindevu zawo wase uqalaza.  
Omunye unogwaja owawuhlala esikhotheni  
Walunguza wawubuka ngesikhathi udlula.  
Base behamba begxuma bobabili onogwaja abancane,  
Bagxuma, bagxuma, bagxuma, bagxuma,  
Baze bafika odongeni kwadingeka ukuthi bame.  
Base bejika bobabili onogwaja abancane,  
Bagijima baya ekhaya emigodini yabo.

## Win a mini-library worth R25 000!



Our wonderful sponsors have donated books so that we can give away five mini-libraries. If you live in the Western Cape, Eastern Cape, KwaZulu-Natal or Gauteng, you stand a chance of winning one of these mini-libraries for your reading club or school.\* SMS NALIBALI followed by your name, the name of your reading club or school, address and contact number to 32545. SMSs cost R1. Closing date: 31 July 2012

\* Terms and Conditions apply.

Go to [www.nalibali.org/supplements](http://www.nalibali.org/supplements) for more details.

## Wina ilayibhrari encane yenani lika-R25 000!

Abaxhasi bethu abayisimanga banikezele ngamabhuku ukuze sinikeze ngamalayibhrari amancane amahlanu. Uma uhlala eNtshona Kapa, eMpuma Kapa, eKwaZulu-Natal noma eGauteng, unethuba lokuwinela i-club yenu youfunda noma isikole elinye la lamalayibhrari amancane.\* Thumela i-SMS yegama elithi: NALIBALI ulandelise ngegama lakho, igama le-club yenu yokufunda noma isikole, ikheli kanye nenombolo yokuxhumana ukuthumele kwinombolo ethi: 32545. I-SMS ibiza u-R1. Usuku lokuvala ngumhla ka: 31 Julayi 2012

\* Kukhona imibandela nezimo ezisetshenziswayo.

Yiya kwi [www.nalibali.org/supplements](http://www.nalibali.org/supplements) ukuthola imininingwane ebanzi.

CAMBRIDGE

OXFORD

PEARSON

NuMetro



## Story corner

Here is the first part of a story about perseverance for you to read aloud or tell.

### The running shoes (Part 1) by Marianna Brandt

Pauline was looking at the pictures of runners one morning. All she ever wanted was to be a runner. And she really, really wanted running shoes.

"Pauline, let's go to town," called Grandpa.

Pauline enjoyed going to town with Grandpa.

After they got off the bus, they went to see old Mr Mokono, the shoemaker. Pauline liked the smells of leather, shoe polish and glue in his shop. And there were many kinds of shoes waiting to be fetched by their owners. Pauline noticed a pair of running shoes on the counter. She moved closer and looked at them and then at her bare feet. They were the right size and with those thick springy soles she would be able to run anywhere. She wished she could have them. When it was her Grandpa's turn to be helped, Pauline pointed at the running shoes.

Mr Mokono smiled. "Let me tell you a secret: these running shoes belonged to *the Zola Budd*."

Pauline's mother had told her about this famous runner.

"Yes," Mr Mokono said, "She bought them and thought she'd like them. But then she decided to carry on running with no shoes. That's why I still have them. But I believe they're magic and they're just waiting for the right person."

Pauline couldn't keep her eyes off the running shoes. She really wanted them but knew that Grandpa could not afford them.

"Do you really, really want them?" asked Mr Mokono.

"Yes, I do," she said, "I want to be a runner."

"You do?" Mr Mokono said, "Well, then I have a plan. You can borrow them and if you win a race at sports day, you can keep them. Go and start training!"

Pauline couldn't believe her ears. She started training immediately. That evening Pauline put on the running shoes and ran to the top of the hill to show her granny. In the morning she ran to the shop and at sunset she ran to the bus stop to fetch her mother. Before school she ran ten times round the playground and after school she jogged with the soccer team. Each time she ran, she went a little further and a little faster.

**Do you think Pauline will win a race and get to keep the shoes? Find out next week.**



Illustration by Elizabeth Pulles  
Izithombe ngu-Elizabeth Pulles

## Ikhona lendaba

Nansi ingxenye yokuqala yendaba emayelana nokuphikelela ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa.

### Amateki okugijima (Ingxenye yoku-1) Ibhalwe nguMarianna Brandt

Ngelinye ilanga ekuseni uPauline wayebheke izithombe zabagijimi. Ukuphela kwento ayefisa ukuba yiyo kwakuwukuba umgijimi. Futhi wayezowadinga ngempela amateki okugijima.

"Ake siye edolobheni Pauline," kumemeza uMkhulu.

UPauline wayekuthokozela ukuya edolobheni noMkhulu.

Ngemuva kokwehla ebhasini bayobona uMnumzane Mokono owayekhanda izicathulo owayesekehulile. UPauline wakuthanda ukunuka kwesikhumba, upholishi wezicathulo kanye neglu okwakusesitolo sakhe. Futhi zaziningi izinhlobo zezicathulo ezazilinde ukulandwa abanikazi bazo. UPauline wabona amateki okugijima ayesehawunteni. Wasondela wawabuka, wawabukisisa wase ebuka izinyawo zakhe ezingenazicathulo. Ayewusayizi wakhe futhi enengaphansi lawo eliqinile elalinokusazipringi okwakuzomenza akwazi ukugijima noma ikuphi. Wafisa sengathi angaba awakhe. Ngesikhathi sekuyithuba likaMkhulu wakhe lokuba asizwe, uPauline wakhomba amateki.

Wamamatheka uMnumzane Mokono. "Ake ngikutshela imfihlo: lawa mateki kwakungakaZola Budd."

Umama kaPauline wayeke wamtshela ngalo mgijimi odumile.

"Yebo," kwasho uMnumzane Mokono, "Wawathenga futhi ecabanga ukuthi uzowathanda. Kodwa wanquma ukuqhubeka nokugijima ngezinyawo. Yingakho esekimina nje. Kodwa ngikholwa ukuthi anomlingo, nokuthi alindele umuntu ofanele."

UPauline wayengakwazi ukususa amehlo akhe ematekini okugijima. Wayewafuna ngempela, kodwa wayazi ukuthi uMkhulu wakhe angeke abe nayo nemali yawo.

"Ngabe uwafuna ngempela?" kubuza uMnumzane Mokono.

"Yebo ngiyawafuna," kusho yena. "Ngifuna ukuba ngumgijimi."

"Uyawafuna?" UMnumzane Mokono wayesethi, "Empeleni nginecebo. Ungawaboleka, kanti uma uwina umqhudelwano ngosuku lwezemidlalo esikoleni angaba ngawakho. Hamba uyoqala ukuziqeqesha!"

UPauline akazange akukholwe lokho ayekuzwa. Waqala ukuziqeqesha ngaleso sikhathi. Kusihlwa ngalelo la nga uPauline wagqoka amateki okugijima wase egijima ekhuphuka umqansa ukuze ayokhombisa ugogo wakhe. Wagijima waya esitolo ekuseni, ngokushona kwelanga wagijima waya esitobhini sebhasi eyolanda umama wakhe. Wagijima wazungeza inkundla yokudlala kalishumi ngaphambi kokungena kwesikole, wagijima neqembu lebhola likanobhutshuzwayo ngemuva kokuphuma kwesikole. Njalo nje uma egijima laliba lide kunakuqala ibanga aligijimile, nejubane lide likhula.

**Ngabe nicabanga ukuthi uPauline uzokwazi yini ukuwina umqhudelwano bese amateki eba ngawakhe? Thola ukuthi kwenzekani ngesonto elizayo.**

### In your next Nal'ibali supplement:

- Ideas for running a reading club
- Photos from our launch events in June
- Mini-book *Something to do*
- The final part of the story, *The running shoes*

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or find us on Facebook:

[www.facebook.com/nalibali](http://www.facebook.com/nalibali) or [www.facebook.com/nalibalireadingclubs](http://www.facebook.com/nalibalireadingclubs)

**Which is your favourite part of the supplement? Tell us on Twitter using the hashtag #nalibali lyiphi ingxenye oyithanda kakhulu kuleli bhukwana? Sitshela ku-Twitter ngokusebenzisa u-hashtag #nalibali**

### Encwajaneni yakho elandelayo yakwaNal'ibali:

- Imiqondo yokuba nethimba lokufunda.
- Izithombe zemcimbi yethu yokwethula uhlelo yangoJuni.
- Incwadi encane *Into eningayenza*
- Ingxenye yokugcina yendaba, *Amateki okugijima*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nangokunye kanye namathiphu endaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku- [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) futhi ungasithola naku-Facebook: [www.facebook.com/nalibali](http://www.facebook.com/nalibali) noma ku- [www.facebook.com/nalibalireadingclubs](http://www.facebook.com/nalibalireadingclubs)




This material was developed and produced by an intersectoral team working with UNICEF in co-operation with the South African Government and co-ordinated by PRAESA.

Le ncwadi yenziwe futhi yakhiqizwa iqembu elihlanganisa imikhakha eminingi elisebenza no-UNICEF ngokubambisana noHulumeni waseNingizimu Afrika kwase kuhlelwa ngu-PRAESA.



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

# Unogwaja Omncane



## The little hare

Illustrated by Alzette Prins  
Izithombe nguAlzette Prins




There was once a little hare who wasn't feeling very good.



Kudala kwakukhona unogwaja omncane owawungaphilile kahle.



He was tired all the time – just as tired as you feel when you have been digging in the sand all day.



Wawuhlala ukhathele ngaso sonke isikhathi – udinwe njengendlela oye uzizwe ukhathele ngayo uma kade ugumba inhlabathi usuku lonke.

His eyes were very sore – just as sore as your eyes feel when they have some dust in them.



Amehlo akhe ayebuhlungu – ebuhlungu njengendlela oye uzwe amehlo akho ebuhlungu ngayo uma engenwe uthuli.



He was very scared – just as scared as you feel when you are lost.



Wawesaba kakhulu – wesaba ngendlela  
owesaba ngayo uma ulahlekile.

He was very sad – just as sad as you feel when no-one wants to play with you.



Wawudangele kakhulu – udangele  
ngendlela oye uzizwe udangele ngayo uma  
kungekho umuntu ofuna ukudlala nawe.



The little hare's sister asked, "What can I do to help you feel better?"  
The little hare replied, "Let's draw a picture."

And so they did.



Udadewabo kanogwaja omncane wabuza, "Yini engingayenza ukuze uzizwe usungcono?" Unogwaja omncane waphendula, "Ake sidwebe isithombe."  
Nangempela benza kanjalo.

That made the little hare feel a bit better.



Lokhu kwenza ukuthi unogwaja omncane uzizwe usungcono.

The little hare's grandpa asked, "How can I help you to feel better?"  
The little hare replied, "Let's play a game."  
And so they did.



Umkhulu kanogwaja omncane wabuza, "Yini engingayenza ukuze ngikusize ukuthi uzizwe ungcono?" Unogwaja omncane waphendula, "Masidlale umdlalo."  
Nangempela benza kanjalo.

That made the little hare feel even better.



Lokhu kwenza ukuthi unogwaja omncane uzizwe usungcono kunakuqala.



The little hare's mother gave him a hug.  
She asked him, "How can I help you to  
feel better?"

The little hare replied, "Let me sit on  
your lap and sing a song."

And so he did.



Umama kanogwaja omncane wawugona.  
Wawubuza, "Yini engingayenza ukuze  
ngikusize ukuthi uzizwe ungcono?"  
Unogwaja omncane waphendula,  
"Ngicela ukugona kuwena bese  
ngikuculela iculo."  
Wenza kanjalo.



And that made the little hare feel best  
of all!



Lokho kwenza ukuthi unogwaja omncane  
uzizwe usungcono kakhulu!

*“I’m special,” he sang,  
“And I know you will always care.  
I’ll never be alone  
Because you love me.”*



*“Ngizizwa ngikhethekile”, ecula,  
“Futhi ngiyazi ukuthi niyohlala  
ninginakekela,  
Angeke ngibe ngedwa  
Ngoba niyangithanda.”*